K13/21

ser. 119

H Conf.

u6ala linye nkomo w aye khethwe iyona inkosi na6antu 6asemaDulaneni uku6a a6eyini nduna ngo6a naku uyindüna ngo6a naku uyinduna yamaCala x asenkosi uyena sithunywa nasezinduneni uma inkosi inomu6iko

Digitised by the Department of Library Services in support of open access to information, University of Pretoria, 2019.

5 Qan. 119 13-103 K13/21

# Indlala ka 1933-1934

AmaChunu ayengasenathemba ukuthi izulu li ayophinde line futhi. Izinkomo zazifa u6uthaphuthaphu. Izimbuzi ezazingcono noma nazo zazifa njena. Kwaphela izihlahla, ileyo naleyo ndoda yaphuma nebazo ukugawulela izinkomo zayo. Kwathi kanti zasezihlala ngaphakathi eMqabhweni akwasiza lutho 6aphela utshani nakhona. Kwathi noma umlungu womqasho esememezele ukuthi ixx izinkomo maziphume emqashweni. 6azikhipha e6usuku a6antu 6ałintshontshisa ngaphakathi. Kwathi ezizalayo kwayizona ziphelayo. Akwa6e kusalinywa ngo6a izinka6i zibhabhalala lomisili nezulu

6 Kwathi nangaphakathi emqashweni amazi awatholakala kwaphilwa ngokuyiwa emphofana (MOOi River) nakhona kwasekumi izizi6a. Kutholakale izinhlanzi ixi zifile ngenda6a yelanga ikakhulu ngo 1933. Nomkhuhlane usemningi imalaria fever. Kwathi amakholwa aphuma izindawo ngezindawo ngamasonto ngamasonto ahlangana ezinta6eni, kodwa aku6onakalanga lutho. Kwaze kwaphuma a6amhlophe na6o 6ayakhona ezinta6eni phinde ałaa akwa6onakala lutho. Kwathi ngelikade x umuntu engasazi wethuka eli6ona lina. Kwathi musukwana lina laqedela emphahleni. A6anye akusalanga lutho ezi6ayeni. A6anye akusalanga lutho ezi6ayeni. A6anye njalo kwasala impela.

7 A6antu amanzi 6ase6ewathola eMphofana (Mooi River). Umuntu avuke ekuseni aze a6uye emini. Izinkukhu kwase kuwukhona kudla kwathi kanti amakhosikazi amabhayi awayidli inkukhu kwamusukwana eyikhumbula layo. Kwathengisa izinka6i eziningi kwa6anye 6efuna amasaka ezinkangala. Zazingathengwa ngemali elingene zona kwase kuwukuzilahla njena. Umuntu e6ona izingane zikhala zilambile. Izinja zaphuma emakhaya zadla izimbuzi nezimvu za6antu ezinta6eni. A6anye 6azi6ulala

Digitised by the Department of Library Services in support of open access to information, University of Pretoria, 2019.

khona lapho. Kwaphuma nkosikazi kwaphuma ndoda kwayiwa
8 ezinkangala ukmg ukuyofuna umuse6enzi. A6aningi 6athutha 6ayokhonza emaphulazini. A6aningi 6ashaqa amasaka ombila ezitholo onanamhlanjena. A6anye 6asase6enzela loko. Kwakuwusizi uku6ona izingane ziwa ziqaleka esikolweni ngenda6a yendlala. Kwavela amasela. Avula izindlu zivaliwe. Utshwala 6a6ungasekho. Izimpi ezikhona namhlanjena zazingasa6onwa. Akekho owaye esaca6anga ngokulwa yilowo nalowo waye eca6anga isu angalenza. Kwaphuma izingane ezincane zayose6enza. Kwakuphilwa ngomucuku ikakhulu. Nangamatolofika nezithelo zasehlane imikhiwane namathulo.

Digitised by the Department of Library Services in support of open access to information, University of Pretoria, 2019.

Ser. 119 13-098

9 uMndayi Mcunu K13/21

UMndayi indodana kaDlayisa. Wakhe ngaphesheya kwe Mpofane (Mooi River). Ukhonzile ku6elungu. Unamakhosikazi amahlanu. Lendoda idumile ngolaka lwayo kakhulu isindala isinezimvu ekhanda, kodwa nanamhla isalwa. UMndayi una6antu a6aningi a6a6ulala. Kuthena, khona manje evela eGoli wa6ulala umfokaNdawonde ngo6a eshele kunina. UmfokaNdawonde wayengesheli empeleni wayethekula njena kunina kaMndayi. Uthe uku6a axa6ane naye wakuza nonina
10 kwazisa ukuthi unina akamesheli lomuntu. Usethula uMndayi ingathi woxolilek kanti uyalwa impela. Kwaphuzwa kwaze kwahlwa. UMda6u Ndawonde usephuma evalelisa ecamanga ukuthi uMndayi usexolile, kanti kulapha eselwa naye. Usememela impi ngo6a emazi ukuthi uMdala ishinga. Waye ngaziphethe izinduku wayehamba ngezandla evela emse6enzini.
Ithe uma ifike impi isimudumela isimushaya ize imu6ulale. UMndayi yena waye ngekho lapho. UMxxx Uma seyi6uya impi sekuzwakala ukuthi uMndayi use6ulele umuntu yathukuthela indodana kaMda6u Ndawonde. Ya6anjwa kaninginingi isusa
11 impi ngo6a phela uMda6u wayenezingane eziningi impela za6afana nomantoni6azane. Nanamhla isengewe6u, iyathanda ukulwa. UMndayi usehlule a6afowa6o amadodana kaDlayisa, xk ethi makayeke loku kodwa akavumi. Ukewashaya futhi

induna izomela ingashongo lutho kueyna. Lomuntu empeleni usengogungile manje ngo6a namadodana akhe ase amakhosikazi. Uthena uku6a ashaye induna wa6oshwa. Kwathiwa ugangile engumuntwana wenkosi ashaye umuntu engenasono naye. Use-wathola izi6ongo

Indlovu ayidinwa zinduku
Indlovu ehwaqa6ele emadunadunu,
12 Umpondozamila enjeni,
Uhla6a zihlangene asizile,
Ngo6a wahla6ana kwandoda
Wahla6ana kuqala kuna6anye,
Udumazi igugu ngo6a udumaze uyise emu6uka em6onga,
Unda6a aka6ulali iyasizila,
Unhlavana zimbulala umlilo.
Kwasha izalukazi namakhehla,
Unogalela umhlola ngo6a egalele kuyisi induna izomela.
Uvemvane oluma 6ala zi6adu ngi6engiyaluthi nta lwa hwaqa6ala.
Ophuza manzi engoma 6akhexa imilomo.
Uda6ula manzi ngo6a anqo6a impi iphelele.
Ujikijela izinsizwa emnyango avale ngazo.
Usunduza uyise embekile aye amufake ezingonini zezindlu.
Undlovu ayidinwa zinduku.

Digitised by the Department of Library Services in support of open access to information, University of Pretoria, 2019.

S/13-103/a5 K13/21

ser. 119

13. Ukugqoka

Amantombazane, amantombazane a vunula ngezingci6a zawunanga mabhayi awo. Izingci6a lezi zenziwa ngewuli nangamasakane kufakwe u6uhlalu ngenzansi ekugcineni kwawo. Lamasaka newuli kuphothwa kahle 6ayazenzela 6ona. 6afaka nonomndindi uma ingci6a ingekho. Ingci6a lena, ayifakwa izikehli ivamise ezinganeni ezincan.e Amatshitshi avama ukufaka onomudindi namabhayi. Amabhayi 6ayawathenga 6awafake amafutha engulu6e. Ukuze afundemalise angasheshi ukungenela uma lina izulu. Agagxwa entanyeni. No6uhlalu ziya6ufaka

14 entanyeni nasekhalweni o6enziwe kahle. Ziyayifaka imali nazo ekhanda nezigqoza futhi. Ziye zigqize embaleni ngamasho6a nje ngezinsizwa. Ziphatha izinduku ezinezigqoza nezinamasho6a uma zizogida, zigide ngazo. Uma kwemulwa zihamba ngomzimba zonke zingafaki lutho zifake izingci6a ezincane njena ngaphambili kuphela.

Uma intombi isizocanguza yeluka isicolo ifake nesidwa6a sezimbuzi. Yona inga6e isenza njengezinye iyahlonipha a6asemuzini.

Amakhosikazi anezicolo wonke kuwumuthetho loko kukhombisa umehluko ezintombini nasezikehlini nakumakhosikazi ayawagqoka amabhayi, afake izidwa6a wonke.

15 Izidwa6a lezi ziyakhandwa ngezikhumba zezinkombo nezezintondolo. Ziyashukwa kuqala izikhumba a6athize a6akufundele 6ese zikhandwa-ke izidwa6a. Zinemali eningi uma zithengiswa. A6azenzayo cishe imvama 6anothile ngo6a isidwa6a si6iza u £1 noma u 15/-.

Izicathulo za6o, izingca6ulelo zakhiwa ngezikhumba zezinkomo nangamasondo emotor. Uma kukhandwa ingca6ulelo, siyacwilwa kuqala isikhumba 6ese sikhishwa sisikelwe ezinyaweni zomuntu. Zikhandwa noma ngawu6ani akukhethelwe muntu. Nezemoto ziyathengwa amasondo emoto. Asikelwe onyaweni

16 lomuntu. Afakwe amafosi. Okunye okufakwayo inqo6o

Digitised by the Department of Library Services in support of open access to information, University of Pretoria, 2019.

u6usenge ngisho nengane ezelwe. Izintombi nezinsizwa nomakoti 6afaka amabhengele ezandleni.

Inkosikazi uma isi6elethile ifaka ixama i6ambe isisu singanwe6eki kuze kuphele yinyanga ingalikhumulile. Ixama lenziwa ngo6uhlalu lithi alifane nebhande. Umakoti uma evunule ufaka izinsimbi, nezinye izikhumba zezinye izinyamazane. Afake nesidwa6a sakhe. Umkwenyana naye uyavunula ngezinsimb a nangezinye izinhlo6o zezikhumba zezinyamazane. Uye ehluke kwezinye izinsizwa. Ugiyane ufakwa a6anumzane 6odwa.

17 Amadoda agoka amabheshu kanye nezinsizwa, na6afana. Amabheshu awafani kukhona futhi awezinsizwa amade isinene. Lawo-ke athandwa izinsizwa. Akhiwa ngezikhumba zezimbuzi nangezinsimba nangezikhumba zamankonyane ezinkomo. 6athanda kakhulu awezinyamazane anombala omhle 6avunule nangezisimba. Kuvamise izinsizwa ukuvunula kanjalo zona zisase6enza eGoli lapho izinsimba zitholakal khona.

Amabheshu lana akhiwa a6anye a6antu a6akufundele loko 6a6iza izihlanu zosheleni ngawo. Pho-ke a6anye njalo
18 6a6iza ngaphansi kuhamba ngokuhlulana kwamabheshu nango6unyanga 6a6antu. Uma kungayiwa ndawo 6avunula ngamabheshwana njena, enziwe ngezikhumba zezimvu. Uma 6eyokweshela 6avunula ngathize amhle noma kuyo6ukwa. Kukhona okunye izinsizwa ezivunula ngoko. U6uhlalu zigqize nga6o isoka li6onakala ngako ukugqize kakhulu entanyeni nasembaleni nasekhalweni.

U6uhlalu 6ulungiswa izinsizwa ngisho izintombi zilungisela amasoka azo. Uma insizwa ingena ntombi ayivunuli kahle ngo6a ayina muntu ozeyenzela u6uhlalu 6okuhlo6a. Kuwumuse6enzi ukulungisela amasoka izigqizo ngo6a no6uhlalu 6uyathengwa.
19 Kuthungwe ngokotini wokulungisa. Namadoda amadala ayavunula kanjalo uma asagqonywa.

Kukhona okunye futhi okufakwa izinsizwa izigqizo ezenziwa ngamasho6a ezinkomo nawamahashi ~~xxx~~ nangemisila yezimbuzi. Loku kufakwa embaleni kuphela. Entanyeni kufakwa namaphasi enziwa ngo6uhlalu o6uvela ezintombini.

Digitised by the Department of Library Services in support of open access to information, University of Pretoria, 2019.

K13/21

ser. 119

Esiswini 6a6ophe ngamasheet 6athenga amayadi amhlophe
esitholo 6a6ophe ngawo. 6afake nemitsha ya6o. Imitsha
iyathengwa ngosheleni kula6a a6awakhayo. Umtsha ufakwa
emucanyweni phambili. Kwenziwa amakhehla ikakhulu.
Nezinsizwa uma zizogida.

Ekhanda 6afaka osheleni imali. 6ayibho6ose izimbo6o
20 nozuka nontiki nezindi6ilisho. Loku kuyakhiwa a6anye
6a6o futhi 6ese 6ekuthengisa. 6afaka nezimpephe kanye
nezigqoza a zakhiwe ngezinsi6a zezinyamazane. Ezindle6eni
kuyabhotshozwa kufakwe umhlanga. Uyanqunywa ulinganiselwe
kuzono. Sekukhona ezinye iziqaza a6azifakayo, 6azithenga
eGoli zinhle kunezomhlanga.

Uma kuyoliwa 6avunula ngenye indlela. 6afuka amabheshwana
njena 6ese 6egqoka iziphuku za6o 6azi6ophe okhalweni
ngamabhande zisuka ehlombe. Zinomucilo ezigahlwe ngowo
entanyeni. Loku kwenza kuvimbela inyama ingasheshi
ukugwazeka. A6anye 6afaka amagogo eziwe alingane esifu6eni
nesigqoko samagogo

21 Ukugqoka kwamakholwa

Amakholwa akulendawo awafani namanye amakholwa ngo6a
izenzo zawo zisafana kakhulu nokwamabheshu. Amadoda afaka
amabhulukwe amade nezinsizwa futhi. Kodwa lamabhulukwe
awawashwa asa6a namafutha nje ngamabhayi amaqa6a.
Namahembe asa6a namafutha kuze ku6e ngcono amabhantshi
ngo6a wona a6awafaki njalo. 6awagqoka uma limakhaza kuphela.
Amanye amadoda ahamba ngezisu awashiye amahembe afake
amabhulukwe kuphela. Nezinsizwa xx futhi ziyakwenza loko.
Uma ziya empini zifaka amafushane yikhona ziyokwazi
ukugijima. Uma lingekho elifushane ifake ibheshu.
22 Noma 6egqoke amasuyidi a6azifaki izicathulo. Noma 6eya
esontweni 6ahamba ngezinyawo. Izinduku azisali noma
kanjani noma 6eya esontweni 6ayaziphatha ngo6a 6esa6a ukuthi
6azoshashwa izitha za6o endleleni 6angaphethe lutho
olunjengenduku, ikakhulu uma 6exa6ene nezinye izigodi. Futhi
izinsizwa zihamba ngambila noma nganingi ngo6a yesa6a
ukuthi 6azoyishaya a6anye a6afana. Zikwenza kakhulu uma

Digitised by the Department of Library Services in support of open access to information, University of Pretoria, 2019.

zishela izintombi. Lapho-ke ziphatha namahawu zihlome impela ngo6a zihamba izinsuku eziningi zingaziwa ukuthi zashonaphi. Uma isiqhonyiwe i6onakala ngeduku eli6omvu ekhanda esigqokweni sayo insizwa. Leyo uma iya entombini ihamba
23 ngokucasha njalo inga6onwa nentombi iyalifihla isoka layo ezitheni zalo.

Izintombi namakhosikazi la6a, na6o izingu6o za6o azifakwa amanzi. Zingcola ngaphezu kwezezinsizwa namadoda uma kugaywa utshwala a6anye 6ahamba ngomuzimba 6afake ihembe njena. Noma 6afake isikethi sodwa kuphela. Uma kuziwa esontweni 6ahamba ngezinca6ulele ngo6a izicathulo 6engazithandi 6engakwazi ukuhamba ngazo futhi. Uma 6ezifakile kuye sengathi 6ahamba emigodini 6ahambe kancane. A6anye 6ayenyela uma 6ezifakile. Kwesinye isikhathi 6afaka ezamadoda
24 izicathulo. Namasokisi amadoda a6ananda6a namasokisi ayeza inyama. Nangendi lokwe eyendlula izingu6o. Ikakhulu uma iyindle indilokwe 6ayiveza ngaphezu kwezingu6o yikhona izo6onwa a6antu ukuthi yinhle namadrosi 6ayawaveza a6e made ikakhulu izingane ezisencane. Izalukazi namakhosikazi 6afaka ezinde izingu6o ezishaya emaqakaleni 6agaxe izidwenjana 6enzele ukuhlonipha a6akhulu la6egane khona. Ekhanda a amakhosikazi athwala amaduku noma izidwejana ezilingene ukuthwalwa. Amantombazane nezinsizwa 6afaka amachichi ezindle6eni za6o. Namabhangele amaningi ezandleni kanye no6usengo ezandleni nasezinyaweni.

Digitised by the Department of Library Services in support of open access to information, University of Pretoria, 2019.

S/13/da

K13/21

ser. 119

25 Ukuzila nokuhlonipha

Intombazane ithi ingaqoma iqale ukuhlonipha lapho iqale iqome ngakhona. Isizohamba ngokwesa6a njalo njena. Uma ize yagana lapho isizohlonipha ngokufaka ingu6shana encane yoku6onakalisa ukuthi manjena ihloniphile. Ayi6a6izi a6alapha ithanda khona ngamagama. Iqamba elinye i6izo uma ukuthi i6izo lomunye yalapho ithanda khona linjalo. Kanjena imahashi 6athipele noma ingadula. Umaphoyisa umahnisa. Umuntu umkhaphelwane. uma umakoti ephule lomuthetho uyahlawuliswa. Nentombi engahloniphi iyaliwa kuthiwe akuntombi yalutho. Kwesinye isikhathi

26 ihloniphe ihloniphe ize yale futhi lapho. Intombi uku6a ingathathwa izama ngamasu amaningi. Ihloniphe, yelukele a6aku6o kamuyeni izithe6a namavovo. I6enzele notswala nokunye okungayidumisa ku6ona. I6e nomusa kakhulu kwa6ase muzini ukuze ithathwe. Na6aku6o 6ayayisiza impela uku6a yaziwe a6asemuzini idume ku6ona. Izalukazi ziyamhlonipha umkwenyane kakhulu. Nezingane futhi ziyamhlonipha umkwenyana ziyatshenwa uku6a zimuhloniphe. Nomkhwenyane uya6ahlonipha a6asekweni kakhulu alungisele uku6a angaliwa a6asekweni. Uma engazilungiseli uyaliwa. Naye a6azali 6akhe 6ayamulungisela kahle 6aphe a6asekweni utshwala.

27 Okuthiwa ameva a6asimuzini.

Ukuzila

Ukuzila kuyinto enkulu kuyafana naku ukuhlonipha. Umukhwenyane akayidli inkukhu yasemuzini. No6isi lwasemuzini. Namasi akawadli. Nezintombi aziwadlelani amasi asemuzini. Nasekhaya azivamile ukuwadla. U6isi alufakwa ethiyeni uma kukhona a6antu. Umnumzane uzenzela yena yedwa njena emzini wakhe nezingane zakhe. Izingane azinikwa ithiyi kuthiwa zofunda ukubhunguka zishiye amakhaya. Ukudla kwasemuzini intombi uma isiqomile ayikudle. Igcina ngokuphuza utshwala kuphela. Uma isiganile ize inikwe imbuzi, okuthiwa

28 indlakulda. Iyaye ihlalelwe kuze kuthi ngelikade. I6isi iyadla. Inikwa inkomo yamasi nokhezo. Inkomo yamasi iphuma

Digitised by the Department of Library Services in support of open access to information, University of Pretoria, 2019.

ser. 119

28 cont.

ngakubo kwezeloBolo. Uma uyise engayinikanga, usezoyinika yena umnumzane inkomo yakwayo, incengwe ize iwadle. Amakhosikazi awayidli inyama yenkukhu into yabantwana nenyama yengulube awayidli amakhosikazi. Athatha amafutha kube kuphela njena engulubeni ibisinikwa abantwana bazidlele. Enye into ehamba nokuhlinipha izindawo. Umakoti, noma inkosikazi endala ayiyi endaweni kayise noma kuvelani. Ayiyi ngakhona. Uma kunento eyidinga ngakhona iyaphuma ibize ingane izoyithathela. Uma ingekho iyeke impela.

Digitised by the Department of Library Services in support of open access to information, University of Pretoria, 2019.

ser. 119 5/13 /da. K13/21

29 Ukutheza

Ukutheza umuse6enzi wawo amantombazane namakhosikazi. Kuleli kuthezwa izinkuni emahlanzeni. Akukho okunye okunga6aswa Amakhosikazi aya6izana alindane athathi izimbazo nezi6opho zawo aziewile emanzini. Athathe ikatha ahambe eseyotheza emahlanzeni. Inkosikazi uma iyodwa iyayesa6e ukuhamba yodwa ngo6a kusekhona izinyoka nezinye izilwanyane. Kodwa anezi6indi ayahamba njena a6uye futhi akhle. Azothi uma efika angathe zindawonye aqaqane amanye ayekwenye indawo
30 6esehlangana uma sehamba. Namantombazane ayamemana ngo6a esa6a izinsizwa ukuthi zowaficaka6i uma ihamba ngayinye. Futhi kulapho kuphela khona zonke izinda6a zawo. Avuka ekuseni aze a6uye ntambama ngo6a kade ezekelana izinda6a zezesheli namasoka. Nazo futhi izisheli ziyawavimbezele uma eyotheza amantombazane. Ukweshela kwalapha kuya6anjwa intombazane noma ingamfuni umuntu. Pho-ke kuye kusize a6ahamba nayo intombazane. Uma iyodwa 6ayaganga ngayo. Ayihambi intombazane iyotheza yodwa. Ayilindi yodwa futhi. U6ani ayimutholi umuntu 6ayotheza ihamba nengane noma
31 eyomfana noma intombazane. Ziyacandwa izinkuni zi6uthezelwe inqwa6a, 6ese ziya6oshwa ngomucilo noma n ezintambo. U Usewethwala umuntu umunya6a wakhe eyanawo ekhaya. Okuthele uzophindela futhi. Izinkuni zi6ekwa iminya6a emikhulu esithondweni. Kuye kuthezwe nezimanzi yikhona zokomela

Digitised by the Department of Library Services in support of open access to information, University of Pretoria, 2019.

ser. 119

ekhaya. Ikakhulu ezimanzi ziyasiza uma lina noma kuphekwa utshwala yizona ziwu6amba umulilo uku6a ungasheshi ukucisha. Kukhona izihlahla ezingathezwa njengemisululu inentuthu. Ize ithezwe uma kuphekwa utshwala ngo6a kuphekwa phandle ayi endlini. Amavila a6onakala ngo6a engenazithondo.

33 32 / A6afana 6atheza uma kosiwa iphaphu nogalo wamadoda. Uma isi6aya kungesothango kuthezwa sona uma kungamatshe kuyathezwa izinkuni. Kwesinye ikhathi 6atheza izinhlanga emasimini e6usika zama6ele nombila. Kodwa amadoda awavumi nezinhlanga ngo6a ezezinkomo. Kodwa uma amahlanga emaningi kuyavunywa atheze amakhosikazi. Izinkuni zisiza kakhulu ekuvuthiseni nasekuu6aseleni utshwala. Nomhla6a uyathezwa ngo6a wandile kulendawo. Nohali6oma uyathezwa. A6anye 6ayazithenga izinkuni ku6elungu ezinkangala zikawathela.

Izi6ani azandile kwande ubhaqa lokukhanyisa

Digitised by the Department of Library Services in support of open access to information, University of Pretoria, 2019.

aeh 119 S/13/da K13/21

33 Umse6enzi wamadoda

Amadoda awanawo umuse6enzi omukhulu kakhulu into njena utshwala nokuxoxa ngempi. Izinsizwa zise6enza ukweshela ngo6a zifuna a6afazi a6aningi. Zithi zingaqonywa zihambe ziyofuna imali yezinkomo eGoli. Nanko-ke umuse6enzi wezinsizwa. Amadoda wona asebheke a6afana 6awo ukuthi 6enzanjani 6ona. Nemali ayikho ngezela ku6o a6afana 6awo. Ukulima umuse6enzi wamakhosikazi nezingane zawo. Ngaphandle uma kukhona utshwala indoda nayo iyayakolima. Omunye umuse6enze wamadoda uku6iya amasimu awo ngamahlahla. Nokwelusa izinkomo zawo.

34 Amakhosikazi ayase6enza impela kakhulu wona namantomba6ane. Ukulima kwenziwa iwona amakhosikazi namantombazane. A6anye 6alima ngemikhono a6anye 6alima ngezinka6i. A6anye ngezimbongolo. Athi uma eseqedile ahambe ayohlakula futhi. Ukuhlakula kuwumuse6enzi onzima kuwona ngo6a nokulima akungandlela enhle. Ikhu6a alishoniswa limane likwaye phezulu njena. Ukhula lukhule kuqala kunama6ele noma nokulinyiweyo. Asazophuma

Digitised by the Department of Library Services in support of open access to information, University of Pretoria, 2019.

K13/21

ser. 119

40 sokufulelwa ngotshwani. Kukhethwa abantu abakwaziyo ukufulela izindlu akuthathwa njena. Uma indlu inetha umuntu uyaye kumakhi azoyilungisa ngoba phela wahola imali ngokufulela indlu leyo. Uma eseyiphinda angabe asabiza lutho ngengemali.

Digitised by the Department of Library Services in support of open access to information, University of Pretoria, 2019.

Aer 119 13-103 K13/21

41 Izi6ongo zikaQudeni kaDlayisa Mcunu.

UDlayisi kwakuyinduna enkulu kxx kaSilwane. Wake wahlasela eNgome. Lapho uQudeni azithola khona lezi ixig izi6ongo. K Kwathi kanti impi yaku6o isimulahlekele akasayi6oni wafuna intu6a yokuphumelela ezitheni zakhe. Kwathi uku6a 6amu6one a6aseNgoma 6amutholekela 6onke. Ehamba nezinsizwa ezintathu yaSemayakeni nezimbili zakwa ndawonde. Yathi ukufika impi 6atholana. Kwezwakala kwa6a ku6o ukuthi uQudeni aka6onwa. Kwezwakala nokulwa kwempi. 6anikela khona a6aku6o. 6ayidumela eyaseNgome. Kwafa izinsizwa zontathu ayehamba

42 nazo wasala yena. Ithena u6a i6aleke eyaseNgome wathola izi6ongo.

Usisu singaphakelwa
Umncondo kaTshaka,
Umadla esuthe kungafanele
Uhla6ana zihlangene
Ugudu kalibhenywa
x Umehlo akabhekwa
Uzihlangu kazephuki
U6amushiya 6embekile
Uzihlangu okade zazihla6ana
Ezahla6a inyxxx inyamvu6une
Gwahlu6e umntakaNkonde
Unoduma li6alele kwa6a
Ongadinwa imilomo yezintombi nezalukazi namadoda.
xkx Akhamisi ku6ande emathunjini.
Ukhamisa liguqu6ale linc imvula engapheli
Ukundla zingaqedwa njengonogwaja.
Umahlala e6ophile.

43 UQudeni akayona inkosana kuyise. Akazalwa futhi inkosikazi,

Digitised by the Department of Library Services in support of open access to information, University of Pretoria, 2019.

kodwa ngokuhlakanipha wathola izi6ongo kuyise omuzalayo. Uthe uku6a uyise afe wasala uQudeni emanxuweni kayise 6onke a6afowa6o 6a6aleka. Ngo6a 6esa6a izitha zi6ankankinkile ndawozonke.

UDlayisa wayena makhosikazi ayisithupha nezinsizwa ezingamashumi ama6ili. Namhlanjena uyena uQudeni umusize wenduna nomu6ongeli wayo. Kuthena musukwana ku6ekwa uMkhali induna. Inkosi emnyama ingavumi kwawuyena omele uMkhali
44 impela kakhulu uku6a aphathe a6e induna ngo6a kungowase ndlunkulu. Kuthena oNgcanyile Dladla nezinye izinduna zingamufuni uMkhali ngo6a eyiChunu futhi engakhonzi komkhulu. Pho-ke wa6ekwa uMkhali uku6a a6eyinkosi induna. Kuthena kuthethwa icala khona ngaphesheya kwa6a uyena futhi uQudeni osiza uMkhali ngokum6onisa. Amasu angawenza n o6a a6antu a6anye 6anga kuHlathi induna endala. Pho-ke noMkhali kuswelekile axm asizwe amadoda. UQudeni enyeke indoda edumile kwelangaphesheya eTshekane. Unothile futhi, uyasiza futhi ukulo e6oleka a6anye a6ahluphekileyo. Noku6onisa umuntu uma enecala elithize. Unjengomumeli ku6anta.

Digitised by the Department of Library Services in support of open access to information, University of Pretoria, 2019.

S/13/ma K13/21

ser. 119

45

# Isidlo

Kuyinto ~~nkt~~ ethokozisayo uma kwenziwe isidlo. Kuqala ngokumenywa izihlobo nabangane. Batshenwe ukuthi mabacwile amabele. Kuyot i uma bonke sebecwilile bese kushiwo usuku lokuqala ukugaya. Kuthi ngosuku lokuvova beze kulowo muzi ukunquma izinkomo. Bavamisa ukudlaba inkomo ngambili noma ngantathi, abanye njalo ngayinye. Amadoda anquma inkomo. Amadoda ahlinzayo athola amantshontsho aphuze notshwala khona lapho. Kuphuma ukhamba lwawo. Ngalezosuku uma isibaya kungesizingoda kuye kothiwe sona. Kosiwe nenyamana ngaphandle

46 kwantshontsho. Amadoda adle nogalo wawo. Kosa abafana nabaphemba umulilo yibona amadoda ayahlala njena adle uma isivuthiwe nabafana baphiwe iwona. Inyama ivama ukuba

ikhishwe izinsonyama kahle. Ngakusasa isiphekwa. Amakhosikazi amenyiwe eze namaqaga otshwala kuthi uma engena kuyiyizwe kujajulwe. Utshwala se6uzohlelwa o6umnandi o6a6akhulu o6u6i o6a6afokazane. Kuzothi uma selintambama amadoda aye esi6ayeni amakhosikazi namantombazane ahlale ezindlini wona. 6ekwa6iwa ukudla notshwala. Akukho okunye ukudla okudliwayo utshwala

47 nenyama leyo. Utshwala 6uza muva sekudliwe inyama. Na6akhulu na6ancane 6ahlala ndawonye. Uma sekudliwe sekulethwa utshwala 6ethulwe ngeziqonga njalo njena. A6anye se6ezophuziswa. Uma umuntu owaziwayo uyaphuziswa yi6o 6onke madimde 6eku6iza noma 6athumele omunye wa6o azokuphuzisa. Uma sekuphuziwe umunumzane uyasukuma a6onge i6andla alandule futhi. Sekuzosuka amadoda ngama6utho ngama6utho agiye. Kuthi uma egiya a6ongelwe. Kuthi njalo agiya kahle a6ongwe kakhulu. Sekuza amantombazane namakhosikazi ezo6uka ayiyize futhi kuze kuphele.

48 6ese 6ehamba a6antu kuzothi izihlo6o zithole inyama ethize ziphiwe. Kuye kuthi enye inkomo yanele ukupha a6antu kuphela zona izihlo6o na6amenyiwe ekade 6elethe amaqaga.

Aku6uswa ilanga li6elinye nakusasa kusa6eya a6antu 6athole futhi nangomhlomunye futhi. Lokukwenziwela uma umnumzane efuna uku6usa njena nezingane zakhe. E6onga kuNkulunkulu u6uphila kwakhe. Kwenziwa e6usika kuphela ehlo6o akwenziwa. Isizathu soku6a ku6ese 6usika yingo6a inkomo zisuke zisagcwele kade zidla amadlanga zikhuluphele futhi inyama ayi6oli masishane nama6ele asandile.

Ser. 119 K13/21

52 cont. abhekene nawo ayalwa kanjalo namakhosikazi awathandani ngo6a i6alwe kufiwe emaDulaneni. Induna uSotshangane usezikhiphile e6uduneni ngoku6ona u6unyakanyaka kwezigodi. Okukakhulu kuyagisa ukuthi akaphilile kahle uyagula sekuwumfowa6o esikhundleni sakhe.

Digitised by the Department of Library Services in support of open access to information, University of Pretoria, 2019.

53 Uku6ona umkhwenyane

Loku kwenziwa uma koti uma engakacanguzi. U6onwa uma evela emuse6enzini umkhwenyane. Kuye kulindelwe ukuze kuphele isonto umkhwenyane efikile 6ese kugaywa utshwala o6uningi impela noma izingcazi eziwu 15 ishumi nesihlanu. Umkhwenyane akatshwnwa u6ona ngo6a so6ungena njena utshwala ngezingcazi. 6uthwalwa izintombi zodwa. Azihambi emini zihamba ntambama sekushona ilanga. Umuntu uzwa ngokuyiyiza njena zihamba zihleka zicula. Uma uhlangana nazo ziyakuphuzisa noma u6ani. Kuthi uma zifika kuyiyizwe 6ese zivunyelwa
* 54 ukungena umkhwenyane usezoya kuzo zona. Umakoti yena akayi, uhlala ekhaya. Sekuzogcala a6antu khona manjalo a6azizwili izintombi zingena na6azi6onile. Se6uzophuza lo6utshwala 6uze 6uphele kusale okuncane njena kwakusasa. 6uphuzwa zikhona izintombi lezo. Zothi uma se6uphelile zi6uye. Sezizophelezelwa izinsizwa njalo zize zizibheke eduze namakhaya zo. Izisheli zithola ithu6a lokweshela lapho.

Umkhwenyane zithi uma zifika azihla6ise imbuzi khona ngaso lesosikhathi. Ihlinzwe iphekwe masishane. Uma umkhwenyane engakwenzanga loko kukhomba ukuthi uyamala umakoti
55 ngo6aphela zoyixoxa ekhaya kumakoti. Uma futhi umkhwenyane engawenzanga umusa walamuza kuzo6onakala ukuthi uyamala umakoti. Umakoti usuke emu6iza umkhwenyane uku6a makeze kuyena amuvakashela, ngo6a sewamukhumbula kakhulu. Omunye u6uya nezintombi lezo eze kumakoti wakhe. Uma engezenga nazo anga6e esahlala isikhathi eside engezi. Nomkhwenyane akasho kumakoti ukuthi namhla uyeza. Wethuka

Digitised by the Department of Library Services in support of open access to information, University of Pretoria, 2019.

K13/21

ngo6a sekufika ingane ethunywe umkhwenyane ukuzomu6iza uhlala elindele. Nokudla kukhona. Umkhwenyane akayidli inyama yasemuzini, namasi, no6isi, udla utshwala no6hontshisi
56 kuphela ukudla okwaziwayo. Umakoti usezothutha izingu6o ngokunyenyisa azisi ehlane la6a zolala khona, nomuyeni wakhe. Uma lina uzocela umakoti waku6o uku6a amusize ngendlu uma ikhona 6alale khona. Umyeni uhlala izinsuku ezimbili mhlaumbe lu6e lunye kuphela. Kuswelekekele umyeni amuvakashele njalo umakoti wakhe uma enesikhathi sokumvakashela ngo6a uma engezanga kuso6ala ukuthi uyamala. Nomakoti usezolungisa afune enye insizwa. Umakoti uyahlupheka uma sekukhona umyeni ngo6a uya6ika njalo uma ehamba x eya kude. Ngo6a hleze afike engekho umkhwenyane. Umkhwenyane uhlale xxx na6alamu 6akhe emini 6amulethele nokudla futhi. Umakoti uyamase e6ona ukuthi umkhwenyane useyedwa.

Digitised by the Department of Library Services in support of open access to information, University of Pretoria, 2019.

13-103

K13/21

ser. 119

Induna yangaphesheya

57 Kukhona isifunda esikhulu senkosi yona impela yasemaChunwini. Sasikade siphaethwe uDlayisa Mchunu ezalwa naye uPhakade. Uthe uma esefile kwadingwa ukuthi kuzo6ekwa 6ani uku6a induna yakhona. A6amhlophe 6ase 6a6eka umuthetho ukuthi owasemaChunwini naga6ekwa u6uduna ngo6a 6aya6anga nenkosi ya6o. UDlayisa akamange ekhonza kahle kuSilwane ~~xkx~~ okwenza loku. Wa6a inkosi naye ngokwakhe. Kanti wayeyinduna yenkosi. Kwase ku6ekwa uHlathi Shezi uku6a a6e yiyona induna akwakhethwa ku6antwana 6akaDlayisa. Waphatha kahle uHlathi.

58 Manjena usekhishiwe uHlathi Shezi. Ukhishwe inkosi kanye na6amhlophe. Asikho isizathu so6u6i kuHlathi into njena 6amukhipha uku6a avulele a6anye intu6a. Ukuphuma kukaHlathi ku6e indatshana impela ngo6a inkosi emnyama yaze yacishi ukungxama. A6amhlophe 6akhomba uMkhali Mchunu wasendlunkulu naye. Inkosi emnyama ayakuthanda loko. Yazikhethela owayo umuntu ongeyena owasemaChunwini. Yayinamba ngomuthetho wokuthi

Digitised by the Department of Library Services in support of open access to information, University of Pretoria, 2019.

ser. 119

akuswelekile uku6a ku6ekwe owasemaChunwini u6uduna futhi ngo6a 6anocuku. A6antu 6aseTshekane a6amuthanda lowo muntu

59 okhonjwe inkosi yamuyeka inkosi yakhomba umfana kamaNkuzini. A6amhlophe a6akuvuma loko 6athi sekwa6ekwa uMkhali wasemaChunwini. Pho-ke yathi inkosi uma ifuna uku6a nezwi yehluleka ngo6a nayo i6ambele usiMakade oyena nkosi yamaChunu. Okwa manjena usafunda e Edendale College usemncane. Uzlawa uMngu6ane inkosikazi. Pho-ke lenda6a yaze yasungulwa uye unda6aza6antu eMgungundlovu. Kwagcina ngaye uMkhali oweyinduna manjena. Okwenza uMjudo angamuthandi uMkhali ngo6a yena ~~xxkx~~ uMkhali ~~xgxa~~ wayengayikokhonza komukhulu. Inkosi yayingamazi.

60 Yesa6a futhi ukuthi uzoyi6angisa. Manje uMkhali useyinduna ya6angaphesheya eTshekane. Umkhali useke waya enkosini ~~x~~ imu6izile. Yamululeka nezizathu e6ezenza uku6a i6elukhuni uku6a maka6ekwe u6uduna. Naye uMkhali wayikhombisa u6uso o6uhle inkosi wayethembisi ukuhamba ngemithetho yayo. UMkhali lona kade eyiphoyisa iminyaka eGreytown. Pho-ke wahamba kahle futhi nese6uphoyiseni. Uyindoda ngo6a namakholwa unomndladla nawo. U6ekwa Philimon Mcunu kulamasonto adlulile enye indoda yamakholwa eyivakashele njena. Izinhliziyo za6aseTshakane zenelisiwe ngo6a 6e6emfuna owasemaChunwini a6a6use kakhulu yena uMkhali lona.

Digitised by the Department of Library Services in support of open access to information, University of Pretoria, 2019.

ser. 119 S/13/c [1b] Uku6ulawa kwenkomo K13/21

61 Inkomo i6ulawa ngomkhonto emaChunwini. Ziyezi6uyiswe izinkomo uma sekuthambama. Kufike namadoda amaningi na6afana. Zothi uma sezisesi6ayeni kulungiswe izitsha zonke zokuhlinza kulolwe nomkhonto. Sekuzokhethwa indoda ekwaziyo ukugwaza inkomo imi. Inkomo igwazwa ngasokunxele isandla. Umuntu usezozivimbela ezinye zisondele eduzane naye ezinye izinkomo yikhona ingezukwethuka nalena a6ayigwazayo. Uzoyigwaza esiphangeni maqondana nenhliziyo. Uma isigwazwa aphuma wonke amadoda azo6uka. Azolekelela futhi. Umunumzane uqala

62 ngokuwancamisa kuphela. Kuphuzwe izinkamba ezilingene noma

Digitised by the Department of Library Services in support of open access to information, University of Pretoria, 2019.

K13/21

ser.62
zi6e mbili njena. Ayi6oshwa inkomo ezimphodweni. Usezoyigwa
6ese elala phansi yikhona izokuwa ife masishane. Kuthi ma
ingawanga 6ese ephinda futhi ayigwaze khona lapho ngawo umkhonto
enye i6aleke nawo yeqe nesi6aya. Ivinjwe futhi. Mhlaumbe
kuze ku6e amanxe6a awu 6 noma 10 ukuze ife inkomo. Umnumzane
womuzi uyaja6ula uma ingasheshi ukufa ngo6a phela naye wophuza
ukufa, kuyazisa futhi ukuthi uyindoda. Eshesha ukufa
umunumzane usuke elula engenamandla engashesha nokufa uma
sekulwa impi noma uma ebhekene nezitha zakhe. Usuke futhi
63 eze lapha kahle izinkomo zakhe ngo6a ziyelashwa izinkomo
za6antu, zimelwe izinyanga zizinukisele ukuze zande,
zikhuluphale zikhule futhi uma isifile sekuthathwa izindishi
zizokhongezela u6u6ende 6ayo igazi layo. Uma umuntu
oyigwazile enesandla esihle li6eliningi igazi. Inkomo isizohlinzwa
ngemi6ese, nangembazo ukuze isheshe ukuphela. Ihlinzwa
uhlangothi lwanganxange kuqala kade ~~kuyix~~ kuyiwe kolulunye
futhi. Uma isiphelile i6isikhishwa amanqina ne6ele noma
~~ixixxx~~ isisende uma kuyinka6i. Uma sekwenziwe konke loku
kusikwe insonyama. Nomkhele kanye nenqola. Insonyama
yangasokunene isandla iphuma nendle6e. Eyangasokhohlo ayiphumi
64 nendle6e./ Eyangasokunene inikwa umuntu omkhulu. Eyangasokhohlo
ithathwa umnumzane wendlu. Insonyama inyama etholakala
ngasezinhlangothini zombili ngaphambi koku6a ihlahlelwe
ikomo. Uma isonyama isiphumile sekuzokhishwa umkhele
nhlangothi zombili. Kukhishwe nomkhelane futhi. Inqola
iseduze no6ilo maduzane nesifu6a. Nayo iyakhishwa. Uma
sekukhishwe loku sekuzokhishwa imikhono nemilenze kutholakale
namantshontsho. Ithi ihlinzwa inkomo ku6e ku6asiwe njalo
kosiwa amantshontsho. A6anye 6ahamba nawo 6aye nawo ekhaya
a6ewumgenandlini. Umunumzane usezokhipha umkhono wamadoda
awudle khona lapho. Sekukhishwa okwangaphakathi konke.
Sekuzophuzwa emuvakwa loko utshwala 6ese ehamba amadoda
asayo6uya kusasa. Azophuza utshwala adle nendloko yawo.
A6afana 6adle iphaphu la6o ngakusasa. Kugidwe ku6ongelwe uma
se6edlile se6ehamba.

Digitised by the Department of Library Services in support of open access to information, University of Pretoria, 2019.

S/13/6a

ser. 119 K13/21

65 Ukulinda

Ukulinda umuse6enzi wamantombazane kuphela namakhosikazi. A6afana namadoda a6alindi. Kuvukwa ekuseni lingakaphumi ilanga kuhanjwe kuyolindwa ku6ushwe selishonile ilanga ngo6a izinyoni zephuza ukuhamba. Amantombazane anama bhodwe awo okupheka emasimini. Amanye enza izindlwana ezincane ngo6a lishisa ilanga. Anamalengisi onke okushaya izinyoni. Kulindwa e6usika nasehlo6o. E6usika kulindwa ulentshisi nokolo. Ehlo6o kulindwa ama6ele. Kulindwa ngaphandle komqasho ehlo6o go6a ama6ele alinywa ezinta6eni. Kuye kucatshwe 6ese

66 kulinywa ama6ele a6awalimayo a6izwa ngokuthi ulokwane. 6awathanda ngo6a amila masishane alinywa ka6ili ngonyaka umunye. Mafushane a amunandi kakhulu otshwaleni. Ayashesha ukudakana. Uma kwenziwe ngawo utshwala. Lama6ele ande kakhulu oThukela. Izinyoni aziwashiyi ngo6a nezinkukhu ziwathanda kakhulu kunamanye. Uma umuntu engena ntombazane uyayiqasha kwa6anye aze ayinike usakazane umasekuvuniwe. Kuyanyakaza njalo uma kulindiwe. Umuntu ahambe yonke imsimi akhuze ejikijela ngelengisi lakhe. Kuyaye kuthi emini izinyoni zi6e ngcono 6athole ithu6a lokuphumula a6alindile. Uthi ma

67 sewusuwomile ulentshisi noma ukholo noma ama6ele 6ese kuvunwa njalo. Kuyalindwa khona sekunjalo ngo6a kunamasela akutshontshayo uma sekuyingwa6a phansi. Avama ukukuthatha e6usuku. Umnumzane akalali ekhaya kuze kuphele ukuvunwa. Uma ekewa khodlwa kusa kungasekho noma sekukuncane.

Kuningi okulindwayo ngo6a nombila uyalindwa uma usaphuma phansi kunezinyoni eziwudlayo ziwugu6e phansi. Namaphentshisi ayalindwa uma esevuthiwe aze athenise. Izintombi utshwala 6azozi6uphuzela khona lapho emini noma selishonile. Kuye kufike nezinsizwa zizophuza zeshele futhi

68 khona lapho. Kodwa aziyi uma ukuthi yinye ziseningi. Izintombi zamakholwa ziphatha ingu6o ngambili. Enye eyokuthi uma kuqhamuka izinsizwa 6eseyembatha zona. Ziphatha nesipho yokugeza khona kuzothi makuqhamuka izinsizwa 6ese zigezile. Intombi engakwenzi loku ziyayizila izinsizwa ngo6a iyinuku.

Digitised by the Department of Library Services in support of open access to information, University of Pretoria, 2019.

K13/ 21

ser. 119

Uma sezi6uya ntambama zi6uya umhlambi. Kuzwakala ngokuhleka kwazo uma sezi6uya. Zinomusindo impela ziyacula futhi. Nezinsizwa zizwa ngako ukuthi sezi6uya izintombi. Phela ukuhleka kwezintombi akufani nokwamakhosikazi ziyagegetheka zona kakhulu. Ezinye ukudla zilala zikhupheke ekhaya izwi lapha ukukupheka emasimini. Uma zilinda ~~nixt~~ ulentshisi zikha ilantshi ~~zilo~~ zilipheke azihlupheki ukuthwala ukudla ekhaya

13 - 103

ser. 119 K13/21

69 uZaveyana wakwaZuma

UZaveyana 6untwaneni 6akhe wazalwa wanolaka. UZaveyane uyise wayekhonzile. Kwathi esemncane eneminyaka ewu 10 uyise wamusa esilungwini ukoseGenzela iphulazi. Wase6enza izinyanga eziwu 5 wa6aleka waye ekhaya. Uyise wamu6uyisela khona futhi. Aka6e esahlala manjena wa6aleka njalo engasayi ekhaya alale ezinta6eni. Uyise wahamba ukuyomufuna. Wamufuna isonto waze amuthola. Wayephila ngokwe6a imfe nombila emasimini a6antu ngo6a wa6aleka kusehlo6o.

70 Usemushaya uyise uku6a amuthole. Aka6e asamusa kwamulungu.

Into eyaxhosha uzaveyana kwamulungu wayefuna iholo wayengazi ukuthi iphulazi yini. Wahlalahlala ekhaya wa6aleka futhi waya kose6enza ezingadini ezinkangala ku6elungu ehola ishumi losheleni. Akamange eyisa ekhaya leyomali wazithengela izimbuzi kumanephu. Zazezanda izimbuzi zakhe uyise engazazi. Usethukuthela uyise uma uManephu emu6ikela loku. Use6uza ngonya ukuthi uManephu wayethuleleni kuze ku6e yilesikhathi na engamu6ikelina? Uma nephu akaphumelela ukuthi kungani.

71 Se6elwa wafa khona lapho uyise kaZaveyane. UZaveyane naye welekelela uManephu 6aze 6amu6ulala uyise. UZaveyane waye yishinga emncane engafanele ukuhlula a6antu. Kodwa waye namandla endlula ukwenza. Kwathi ngelinye ilanga exa6ene nomfowa6o umfowa6o ngokumazi ukuthi yishinga. Usemumemela impi uku6a izomu6ulala ne6ala yeza impi usefika eli6ala utshwala uZaveyane kumfowa6o engazi lutho. Uthe esehamba kanti impi isimulalele endleleni. Ithena ukuqhamuka kwayo

Digitised by the Department of Library Services in support of open access to information, University of Pretoria, 2019.

K13/21

72 yamuthelekela wakwela naye eyedwa. Kwafa a6antu a6a6ili a6anye 6a6aleka. Wahamba waya ekhaya. Ezakhe izicathulo zazibheka emuva izithende zi6e ngaphambili. Umuntu uma emufuna aduke uma elandela unyawo lwakhe. Namaphoyisa ayesehluphekile ngo6a uma ema6ili ayengeke amu6ambe ayehluleka. Wayo wamela awashaye awa6ulalele angawa6ona. Umfowa6o wamumemela impi manjena ngo6a e6ulele unina ngomukhotho yafika impi yamuvimbezela engaphethe lutho kwankosikazi encane exi6eni yamu6ulala. Wa6athena umuzi wakhe uyamusiza awaphumelela. Waze wafa nya.

Digitised by the Department of Library Services in support of open access to information, University of Pretoria, 2019.

73 Lempi ingaphansi kwenduna yinye kwehlukana isigodi
phakathi. Ngako ukuphuza nokugida. Kwathi ngomucanguzo
owawukhona wasemaChunwini yahlomelana imikhonto. Yahlangana
e6usuku nayo njengayo yakwaNxamalala neyasemaDulaneni kodwa-ke
yona yayazana. Kuthiwa yahlangana umuntu wajiyela ukuthi
ushonaphi loku unyezi wawumkhulu ngaleyomini. Kuthiwa
yakhumuka eyangasedwaleni, kwazisa ukuthi yayingaphelele
kwafa a6antu a6athathu a6aningi 6anezingozi 6a6ekabhana
ngezizeze nangemikhonto. Kwathi nasekuseni yafunana futhi
74 yakhuza induna na6anumzane. Akuhanjwelwana nanamhlanjena
kuseku6i. Lezizimpi zalana nemisindo 6ese ziyadumelana.
Isigodi semu6angweni si6anzi cishe silingane nesakwaDumakude.
Siyaziwa ngonya. Inkosi ya6ajezisa kakhulu ngokulwa 6odwa
nangokuphathelana imikhonto into engaswelekile kuluva kuliwe
ngayo. Amakhehla angcono noma kuiwona angakhuzi lomuhlola
izinsizwa ezinonya. Pho-ke kuyazisa ukuthi na6adala kuya6a
thokozisa ngo6a iyonanto ikhulunywayo misuku yonke. Nezalukazi
zakhona ziduduza a6afana uku6a 6alwe. Seyihamba ihlomelene
kusize zona izinduna ukubheka oyoqala asiwe enkantolo.
75 Se6asheshe 6azi6uyele noma kunomusindo. Na6asemaDulaneni
6axa6ene na6aseMbangweni. Kwazisa ukuthi a6ase6angweni

Digitised by the Department of Library Services in support of open access to information, University of Pretoria, 2019.

13-103 K13/21

ser. 119 Ushikishi noDumakude

77 Lezizigodi zinkulu zombili. Empeleni isigodi sinye. Kodwa sike sawa ngempela ku6usa inkosi uSilwane kusewuDlayisa ngaphesheya owaye yinduna enkulu yenkosi. Lezizigodi zazidelelana. Zadumelana. Kwathi ngokuqala akwa6onakala ukuthi isiphi esinamandla ngo6a kwakufike kwehlulwe leso kuthi ngakusasa esinye njalo. Mhlaumbe esinye siphinde ka6ili sehlwa. Kwakuphethe umfowaseMadunwini ngaphesheya ishinga elikhulu inkosana kaDlayisa kwaDumakude kuwumfokaDladla uMdonwi wempi.

78 Kuthe kugcina wehlulwa njalo njalo uDumakude. Kuze ku6e namhla. Amaningi amadoda anezingozi zamaDumakude noShikishi. Nanamhla azifunani lezizigodi ziyesa6ana. Kodwa amashinga awasa6onakali kahle kwaDumakude. Ashikishini asazwakele. Igoso lezinsizwa uNzondo Mchunu uthe angafelwa uyise nonina walahla phansi konke. Washiya izintombi zakhe eziningi

Digitised by the Department of Library Services in support of open access to information, University of Pretoria, 2019.

zamabhayi kwakhuzwa umhlola umntwana wenkosi egila umhlola. Useshada nentombazane yasemayakeni eyikholwa laseLuthela. Usekholwa naye. Unzondo lona wa6ulala umuntu wa6oshwa eseyigoso lempi. Wemithisa intombazane yebhayi eseyibhayi
79 naye akayithatha waze wa6oshwa wavela akayithatha. Wasuka emuzini kayise ngo6a enze into engafuneki ku6afowa6o na6aku6o. 6athukuthela 6ajiyela kum6ulala. Wahlala ekweni lakhe iminyaka eminingi waze wathola izingane. Usefa umkhwe wakhe. Seku6a uyena owondla izingane zasekweni. Nomkhwekazi wakhe. Wazilo6olela yena ngezakhe izinkomo. Usesuke ekholwa eMenca usehlala isikhasha khona ephuma eLuthela nonkosikazi yakhe. Use6ayinduna yesulumane. Elalinothe kakhulu. Wase6enza iminyaka lapho laze ladliwa isulumane. Uthena uku6a a6one ukuthi kunjalo wathengisa ngemfuyo yakhe wayokwakha
80 eGreytown. Uthena engakayi eGreytown wayeseyiRoman. AmaRoma amenza umusizi womushumayeli. Usehamba eya eGreytown. Usese6enza ngaphansi kwamaRoma esenga. Usethi ngokuse6enza kwakhe kahle amaRoma asemenza umushumayeli we6andla laseMpofana Usephendule izinkulungwane zamaChunu na6afowa6o. Ukufunda wakuthola khona eGreytown kusihlwa. Namhlanjena ungangenkosi kulesisikhundla akusona. Uyena obhasobhe oTishela 6esikole eDumakude. Unezingadi zakhe. Uyafunda muhla yonke nezingane zakhe zisemakholishi. Umfana wakhe ufunda eThekwini uStandard VIII. Owakuqala emaChunwini ukufundisa ingane 6ayamuhleka kakhulu a6anye ngokufundisa ingane.

Digitised by the Department of Library Services in support of open access to information, University of Pretoria, 2019.

S / 13/ di

K 13/21

ser. 119

Ukuzalwa komntwana

8m 81 Mikhulu imikhu6a eyenziwayo uma ingane izalwa. Kuthi njena ingakazalwa kufunwe izinyanga zokusiza unina ukuze a6elethe kahle. Umuthi owaziwa kakhulu ekusizeni inkosikazi isihlambezo. Lomuthi uyambiwa kulo leli 6ese uthakwa. Uthakwa izinyanga kuphela. Uma inkosikazi kade ingaphilile kahle umunumzane ukhipha inkomo yenyanga

Digitised by the Department of Library Services in support of open access to information, University of Pretoria, 2019.

K13/21



ngokwelapha kwayo uma ade engaguli kukhishwa ishumi noma
imbuzi. Uma sekuyinyanga yoku6eletha inyanga iletha eminye
imithi inukise inkosikazi ngezinyamazane. Uma futhi isizala
iyanukiselwa ngazo izinyamazane ukuze i6elethe kahle.

82 Kuyahlupha namhla ngo6a a6antu a6asa6elethi kahle inyanga nayo
iya6izwa uma unkosikazi e6eletha. Athi anga6eletha
kuphushunywe ngezinyamazane. Isizohamba inyyanga ishiye
imithi ezosiza kunkosikazi nomntwana. Isizo6anika nomuthi
wesidikiselo. Isidikiselo siyahlupha namhla ziningi izingane
zi6ulawa isona. Sihamba kanye nofufunyane. Isizoloku iza
njalo izo6ona umntwana. Uma esephumela phandle unina.
Inyanga isimunika umuthi wokukhipha umntwana. Sekuzo6a umuse6enzi
kanina manjena. Izomunika imithi eminingi wokucatha umntwana.
Usezofuna uhlanga lokumcatha umntwana. Uma kuwumfana uzofuna
elu6anzi uhlanga uma kuyintombazane uzofuna oluncane
83 uhlanga. Uhlanga 6akha umhlanga emfuleni 6awulungise kahle.
Uma usulungile 6athathe uthi 6awuvule kahle 6awushise futhi
ngemuva nangaphambili ukuze ungahla6i ingane ka6i uma
icathwa. Ingane icathwa kanjena. Unina uyawuphuza umuthi
awumumathe awufuthele ohlangeni ukuze ungene enganeni. Uma
kuwumfana 6ayamudangalalisa. Uma kuyintombazane 6ayiyiqoqa
6ayi6uthe kahle. Umntwana ocathwayo ukhula kahle, masishane
futhi. Akayi ngaphandle ngaphandle kwalo uhlanga. Kuye
ku6ekuhle unina a6enezikhathi zokumcatha. Uma engazigcini
lezizikhathi unina uvamise ukugula umntwana. Isisu singalungi.

84 Usezofunelwa intombazane uku6a imuphathe. Uzohlatshelwa
imbuzi yesiphuku sokum6eletha. Unina usezokwenza utshwala
6amakhosikazi amusiza musukwana e6eletha. Umnumzane uzohla6a
imbuzi a6onge naye. Nanga lolosuku inyanga i6akhona
ukwelapha imbuzi leyo. Intombazane ihola imbuzi ngaloko
uku6eletha umntwana. Usezekhula-ke umntwana. Uma kuwumakhoti
ethola umntwana wokuqala usezomusa kwa6aku6o 6amuphe imbelekho.
Usezo6uya nenyama eningi ayiphiwe umntwana a6a6a6akhe nomalume
6akhe. Nokuphucwa uphucwa ku6o kanina umntwana ahlatshiswe
futhi imbuzi.

S/13/c

ser. 119 1b Ukwelusa izinkomo K13/21

85 Izinkomo umuse6enzi omkhulu kumaChunu. 6afana 6akufuna
kakhulu ukwelusa. Kwalusa a6afana a6ancane njena namadoda
anezingane ezifundayo, nangenazo izingane ayazelusela.
Zivulelwa ekuseni ziphume inhlazane zi6uye emini ngoleveni
zizosengwa. Amankonyane nawo awaphuma ekuseni eluswe a6afanyana
noma amantombazanyane. Kuzothi uma seku6uya izinkomo 6awa6uyise
nawo. Athi angasengwa ehlukaniswe nonina kuze ku6e kusasa.
Amancane kakhulu asengwa nantambama. Uma kusengwa kuqala
ngokuthathwa amathunga nezifaso azingeni zonke izinkomo
86 esi6ayeni. Kungena ezisengwayo kuphela esi6ayeni. Ezinye
zima ngaphandle njena. Kusenga izinsizwa namadoda namanye
amakhosikazi ayakwazi ukusenga izinkomo uma zithambile. Amanye
futhi amakhosikazi ayazelusela. Uma sezesengiwe sezihamba
zoye enta6eni zidle lize lishone. Zi6uye selishonile
sekuzosengwa ezisandozala. 6ese ziyavalelwa. Azidli ndawonye
ezakaDumakude zidla zodwa ezasemaDulaneni zizodwa njalo
njena. Uma zike zahlangana kuyaliwa a6afana kulamule
omdala uma ekhona. Zidla izihlahla izinkomo zalapha ngo6a
utshani a6ukho. Kwesinye isikhathi zingeniswe ngaphakathi
87 eMthatheni kwaHulumeni. 6ayantshontshisa ngo6a a6avunyelwe.
Kuyaye kuthi emini zehle zizophuza ngo6a amanzi awatholakali
ziwathola emthatheni. Okunga6afana kuziqhu6a ngezimbongolo
uma ziyophuza. Izimbuzi nezimvu azeluswa. Ziye zi6uyiswe
ntambama zihambe ekuseni ziye enta6eni. A6afana 6ahamba
nezinja nezagila nezinduku ngambili. A6anye njalo 6aphatha
amawisa namahawu ngo6a ku6uye kuliwe. Uma zingene ensimini
u6ona nga6o a6afana nezinja za6o 6eqa amatshe 6e6aleka uma
ziyidle kakhulu umunini nsimu usezokuza emakhaya afune inani
88 lokudla kwakhe. Se6ezomunika 6ashaywe na6afana la6o. E6usika
kazeluswa ziyazidlela. Azi6uyiswa futhi. Zi6uyiswa uma kosa
ku6e yidiphu ngakusasa. A6afana 6alwa njalo e6usika
ngo6a izinkomo zihamba kakhulu ziduke. Nasediphini kuyaliwa
ku6anga a6afike kuqala. Kuye kuqathwe nezinkuzi ku6onakale
eyehlulwayo. Loko kuya6alwisa a6afana futhi ngo6a nalowo
akafuni kwehlulwe eyaku6o. Nezinye ziyalwisa ngo6a zithi

Digitised by the Department of Library Services in support of open access to information, University of Pretoria, 2019.

K13/21

ser. 119

zingahlanganazilwe. Namadoda ayalwa e6anga izinja nezinkunzi. A6anye 6azilola izimpondo yikhona izohlula ezinye.

ser. 119

89 Ukwelusa

Miningi imikhu6a eyenziwa uma kudliwa iphaphu. A6afana 6aya6ehlome 6ephelele uma kuyodliwa iphaphu. Zisheshe zi6uye izinkomo ngoleyomini ngo6a 6azikona ukuthi kuyodliwa iphaphu kwa6ani. Umfana oligwala u6onakala ngo6a ezakhe angazisikhona. Kuzothi la6a okuhlatshwe ku6o 6aliphathe 6atshene 6onke a6afana ukuthi kohlangwana kulendawo 6asho nelanga nesikhathi. Izinqwele sezizokwazisa6onke a6anye a6afana zi6atshene futhi ukuthi 6aphakathe izinduku za6o. Kuye kuze na6asemadulaneni

90 6azodla na6o a6akwaDumakude. Sekuzoqala ngezinqwele ukulwa. Uma kwehlulwe eyakwaDumakude 6athukuthele 6onke a6akwaDumakude 6ese kuliwa khona lapho.

Ukosiwa kwalo kuyathezwa ku6aswe umulilo. Izinqwele azikwenzi loko kuthunywa a6afana. Sekuthathwa iphaphu kosiwa lona kuqala. Kukhishwe umminzo. Ufakwe onke amanoni wosiwe. Usuzoconywa. Uma omnye umfana ezazi ukuthi uyavika usezowudla 6ese 6emthelelele 6amushaye izingozi 6ahambe naye 6amugeza. Omnye a6ashaye naye a6adelise. Inhliziyo nayo idliwa izinqwele.

91 Uma selidliwe kusuke kuqatwe izinja nezinkunzi. Uma omnye e6ona ukuthi eyehlulwa eyaku6o usezothi ukuthela. 6ese 6elwa 6odwa. Mhlaumbe ziyihlanganyele enye 6ese kuxatshanwa. Aku6i 6ikho muntu omundala ku6afana 6a6a 6odwa 6azilwele 6odwa. Futhi alikho icala ngokulimazana kwa6afana 6edla iphaphu. Kuye kuhlekwe njena uma omnye elimele. Oku6a yicala uma 6ehlanganyele umfana wamunye 6onke 6aze 6amu6ulale noma kuqathwe umfana omncana nomndala. Ezinjeni futhi li6akhona uma enye inja ziyihlanganyele zonke zaze zayi6ulala, nenkunzi

92 yenkomo uma ziyihlanganyelile. A6afana uma sekudliwa 6a6iwa ngeziga6a ngeziga6a. Futhi 6aqathwa ngeziga6a.

Digitised by the Department of Library Services in support of open access to information, University of Pretoria, 2019.

K13/21

ser. 119

92 cont

Isigaxa. Kuthi lapho idliwayo inyama inhliziyo kushiywe isi6axa. Loku kwenziwa a6akhulu na6ancane ngokufana. Lenyama esele eyomu6ango. Kufuneke oyingwele ayithathe ayidle yedwa. Athi ~~exgxkxa~~ engakwaugwinyi umthamo 6amuthelekele 6onke njengakuwo uminzo. Nakwa6ancane 6enze njalo. 6ese kuhanjwazke sekukhethwa izinkomo. Kwesinye isikhathi 6angalwi uma izingwele zesa6ana. Kuyaye kuphele kahle njena. Nasekhaya 6ayixoxe kahle. Uma izinkomo ziya emasimini kushaywa ukatha.

END. 119.

Digitised by the Department of Library Services in support of open access to information, University of Pretoria, 2019.